Izokhiwa ngamafosholo

XOLANI SHEZI

IZOKHIWA ngamafosholo imali emqhudelwaneni obizwa nge-Ezemvelo Cup ozoqala ngo-Mgqibelo esiya kuwona usongwe ngoMsombuluko womhla ka 16 kuZibandlela (December) ezinkundleni zaKwaHlabisa.

Lo mqhudelwano uhlelwa ngokubambisana ngabe-Ezemvelo KZN Wildlife, Boxer Super Stores, Nedbank, Bonitas ngokunjalo nabe-Development Bank of Southern Africa. Lapha kuzoqhudelwana kunobhutshuzwayo ngokunjalo nasebholeni lomnqakiswano.

Abazokudla ubhedu ebholeni lezinyawo bazogoduka nesamba sika-R10 000, inkomishi nezindondo zegolide kuthi abalale isibili bahlomule ngo-R5000, inkomishi nezindondo zesiliva kanti abazolala isithathu bazothotshwa amanxeba ngo-R3000. Umdlali womqhudelwano uzohlomula ngo-R500 nendondo.

Ebholeni lomnqakiswano, abazokudla ubhedu bazothola u-R5000, inkomishi nezindondo zegolide kuthi isibili sithole u-R3000, inkomishi nezindondo zesiliva kanti isithathu sizohlomula ngo-R2000, inkomishi nezindondo zethusi.

Le midlalo izokwethulwa ngokusemthethweni ngawo belu uMgqibelo ekuseni ngaphambi kokuba kudlalwe umdlalo wokuqala kunobhutshuzwayo. Izodlalwa masonto wonke kuze kufike olwamanqamu. Kulo mqhudelwano, kuzodlala amakilabhu asezindaweni ezakhele iHluhluwe-iMfolozi Park okungesinye seziqiwi ezinkulu kuleli.

Ngokujwayelekile, abe-Ezemvelo KZN Wildlife bayaye basize imiphakathi eyakhelene neziqiwi abaziphethe ngenhloso yokuyithuthukisa. Uma kuvakasha izivakashi eziqiwini, kunemali abayibeka eceleni ngenhloso yokuthuthukisa umphakathi.

Umqhudelwano webhola uzodlalwa ngokulandela imithetho yeFIFA kanti zizokube zikhona izikhulu zeSAFA ukuqapha isimo. Kuzokube kudlalisa onompempe abagunyazwe yiSAFA. Ngokunjalo nasebholeni lomnqakiswano, kuzodlalisa onompempe abagunyazwe yiNetball South Africa.

Ephawula ngalo mqhudelwano uDkt Bandile Mkhize oyisikhulu esiphezulu kwa-Ezemvelo KZN Wildlife uthe: "Inhloso yethu enkulu ngale midlalo wukufukula ibhola lezinyawo nelomnqakiswano ezindaweni ezicishekile amathuba ezakhelene neHluhluwe neMfolozi Region.

"Le midlalo ifike ngesikhathi esikahle lapho silungiselela iFIFA World Cup ezokuba kuleli ngonyaka ozayo. Sizosebenzisa izinkundla zaseDondotha, Nkanyiso nase-Inkosi DJ KwaHlabisa."